AP2003_1_7_3

ISOLEZWE, ULWESINE, JULAYI 3, 2003

# Umsindo ngendodakazi kaDkt Frank Mdlalose

**NOMPUMELELO KHUMALO**
Ebika eseNewcastle



UDkt Frank Mdlalose okuthiwa indodakazi yakhe ifakwe esikhundleni esiphezulu seNkatha Freedom Party, osekwenze kwabanomsindo kumalungu aleli qembu saseMajuba, ngaseNewcastle

AFUNGA ayngomcla amalungu eNkatha Freedom Party esifundeni saseMajuba, eNowcastle, ukuthi azokhombisa ngazo zonke izindlela ukunganeliseki kwawo ngokuqokwa kwendodakazi yowayenguNdunankulu waKwaZulu-Natal, uDkt Frank Mdlalose, ukuthi iyomela leli qembu ephalamende likaZwelonke.

Ukuqokwa nokufungiswa kukaNkk Makhosazana Mdlalose-Ngobese, okwenziwe ngoLwesibili olwedlule, sekususe omkhulu umsindo phakathi kwamalungu aleli qembu, nakuchaze njengenhlamba kuwo.

Kuthiwa ukuqokwa kwenziwe yizikhulu eziphezulu eqenjini, ngaphandle kokuxhumana neqembu.

Esitatimendeni esithunyelelwe *Isolezwe*, amalungu ayakuphikisa ukuthi uNkk Mdlalose-Ngobese uyilungu laleli qembu.

Bathi le nkosakazi, yalidabula ikhadi lobulungu ngonyaka ka1999, ngoba ithi ayiseboni ilungu [illegible] lenhlangano.

Lesi sitatimede siqhuba sithi phambilini leli qembu belibhekene nezinkinga zalabo abafakwa ezikhundleni kungafanele, nabathe kwenziwa yizikhulu eziphezulu.

"Ngalezi zizathu esesizibalile asiboni uNkk Mdlalose-Ngobese efanele ukuba sephalamende. Uma figabe iqembu lizoqhubeka nokusifakela abantu abangafanele ngezithuku-thuku zethu, asiboni ukuthi sizokwazi ukuthola amavoti esiwadingayo esifundeni saseMajuba, njengoba kuyisifiso sethu," kuchaza isitatimende.

Ebuzwa ngalolu daba oyisekela lemeya yase Majuba, uMnuz Floyd Fana Duma, walile ukuphawula, kodwa wakuvuma ukuthi yena uqale ukuzwa ngokugcotshwa kuka Nksz Mdlalose-Ngobese, ngesikhathi eshayelwa nguDkt Mdlalose, obemazisa ngako.

Eziphendulela uNkk Mdlalose-Ngobese uthe laba abakhulumayo ngabantu abanomona nabazama ukudicilela phansi igama lakhe. Okhulumela i-IFP kuzwelonke uMfu Musa Zondi uthe labo abakhuluma lokho bayazibhedela.

"Ngokwethu eqenjini uMdlalose useyilungu lethu eliphelele.

"Ubekhona ohlwini lwethu lango 1999 futhi thina siyiqembu elizihloniphayo ngakho ngeke sichithe isikhathi sethu ngemisa-ngano engathi shu," kugcizelele uMfu. Zondi.

ISOLEZWE, ULWESINE, JULAYI 3, 2003

# 'Angifune kudla noBush mina'

**S'KHUMBUZO MIYA**

UMONGAMELI omusha we-PAC, uDkt Motsoko Pheko (osesithombeni), usichithile izolo isimemo sikaMongameli Thabo Mbeki sokuyodla isidlo sasemini noMongameli waseMelika uMnuz George W. Bush ngoLwesithathu oluzayo.



UPheko, ongomunye wabaholi abadume ngokungananazi ukuphimisa okusemizweni yabo, ufanise ukuhlonishwa kukaBush ngalesi sidlo nokuthi uhlonishwela "ukushaya indiva iNhlangano yeZizwe ngokuqamba amanga athi kunezikhali zembubhiso e-Iraq, kodwa asehluleka wukuzikhipha manje njengoba esamketula uhulumeni kaMongameli Saddam Hussein".

"Izinkulungwane zabantu base-Iraq, okuhlanganisa, kubo izingane nabesifazane, bagcwala amaqele ngenxa yaleya mpi, kwafa nabaningi kule mpi eyayingenasidingo.

"Kuyacaca ukuthi uBush wagxambukela ezindabeni zangaphakathi kwelinye izwe, okungukwephula umthetho wokuzimela nesithunzi salelo nalelo lizwe," kusho uPheko.

UPheko uthe ngokuhambela amazwe kwakamuva kukaBush, uzama ukuyenga amanye amazwe ukuthi emukele ukuthi kwakusemthethweni ukuhlaselwa kwe-Iraq.

UPheko uqhube wathi enye yezinhloso zikaBush wukuyenga amazwe ase-Afrika ukuthi emukele ukudla okutshalwe ngembewu eshintshiwe.

Ngaphandle kokuhambela leli uBush uzohambela amanye amazwe ase-Afrika. Phakathi kwawo singabala iSenegal, iBotswana, iNigeria namanye.

UPheko ugxeke nomholi we-DA, uMnuz Tony Leon, ngokufanisa kwakhe imibhikisho ehlelelwe uhambo lukaBush njengokuluma isandla esikuphakelayo.

"ULeon uphila esikhathini esedlule lapho ecabanga khona ukuthi i-Afrika ingabuswa yimibuso yangaphandle," kusho uPheko.

ILANGA, JULY 3-5, 2003

# UShenge umi ku-African National Congress ka-1912

Mhleli,- Ngicela ungivumele ngifakazele uJ.E. Buthelezi waseBonjeni uma ethi encwadini yakhe, "UShenge ulithemba lezwe lonke jikelele".

Kuliqiniso elingephikwe lelo Shenge ngoba namanje, nguye yedwa osabambelele ezifundisweni, nasemigonweni ka-African National Congress wokuqala owaqalwa ngoMafukuzela onjengezulu, kwaze kwaba yinkosi A.J. Luthuli. Aluzange lubonakale udlambedlu, oluqondiswe kumuntu oMnyama.

UShenge namanje akahambisani nodlambedlu, noma osolwazi bezindaba besho bethi nguye owahlukumeza amalungelo abantu, kodwa ngumbhedo lowo, ngoba owazi abantu nguNkulunkulu kuphela. Abathi abantu abashiswe ngamathayi, bahle bona banjengelanga. Ongaziphathanga izikhali nguye owaqeda abantu. Abaphatha izikhali namabhodlela ka"petrol" abanacala, babebulala izinto zokubulawa.

Noma kungavelani, kodwa ngithi ukhona Shenge ongalali futhi ongazeli.

Zivume Shenge neqembu lakho ozinikwa ngabantu abanomona nokungabi naqiniso.

UShenge umi ku-African National Congress ka 1912.

Ngochaza ngelinye ilanga

Dinginkosi Paulos Shangase
HILLCREST

ILANGA, JULY 3-5, 2003

# Bamukeliswa imiklomelo abe-IFP

BAZOMUKELISWA ngemiklomelo yobuqhawe abaholi be-IFP, phambi kukaMongameli wale nhlangano, uDr Mangosuthu Buthelezi, emcimbini ozokuba ngoMgqibelo e-Albert Park eThekwini kusukela ngo-10 ekuseni lapho bezobe benconywa ngokwethembeka kwabo eqenjini le-IFP, bangagcogcoma nezihlalo zabo ngesikhathi sokugcogcoma.

Ngokusho komgqugquzeli walo mcimbi, uKhansela James Maphalala onguSihlalo we-IFP Unicity District Council okuyiyona ezobe yengamele lo mcimbi, uSihlalo kazwelonke we-IFP, uDr Lionel Mtshali, uzobe emukela amalungu amaningi amasha asengene eqenjini le-IFP. EmaKhanseleni angu-35 e-IFP asezindaweni zaseThekwini namaphethelo, linye kuphela elemuka nomoya ngesikhathi sokugcogcoma.

ILANGA, JULY 3-5, 2003

# Votela indoda eneqiniso

Mhleli,- Umthetho wokugcogcoma kwamalunga ePhalamende eduka nezitulo azinikwa ngamaqembu azo eya nazo kwabanye abangazisebenzelanga, kusho lukhulu ngamaphutha enziwa njalo yiqembu le-ANC elibusayo. Udaba lweqhaza laMakhosi emidiyweni yoMasipala nokuhlinzekwa kwamandla Amakhosi kumthetho sisekelo, iqembu le-ANC alifuni nakuzwa ngakho.

Abantu bafa nsuku zaphuma bebulawa yingculazi, kodwa iqembu elibusayo aliyingeni eyokusiza nokuvikela isizwe sibhubha. Sibona izikhulu eziphezulu kuKhongolose zibalwa emikhonyovini eminingi, kungenziwa lutho ngakho. Amathuba okuqasheka kwabantu ehle kakhulu ezweni. Izigebengu ziyachachaza ezweni. Sibona kudlwengulwa abesifazane, kubanjwe inkunzi nsukuzasa. Konakele ezweni lakithi. Maningi amphutha enzekayo sibhekile ezweni.

Iqembu le-IFP lawuchitha umthetho wokugcogcoma ngoba ulihlazo futhi ungukweba isibili. Iqembu leNkatha liyohlala njalo lihlonipha ubukhosi bethu.

Umhloli we-IFP, umNtwana waKwaPhingangeno, wacela uNdunankulu wesifundazwe uMantshinga ukuba akhiphe imishanguzo yokuvikela isizwe obhubhaneni lwengculazi, nembala wakwenza lokhu uMagalela esifundazweni saKwaZulu-Natali.

Iqembu leNkatha libeka phambili iqophelo eliphezulu lokuziphatha nokuzithiba kwabaholi balo ekukhwabaniseni izimali. Oweqa lokhu uthathelwa izinyathelo masinyane axoshwe uma kunesizathu esiqinile.

Ubugebengu bunyanyeka kakhulu eNkatheni. Futhi uHulumeni we-IFP uthi ababulali abagwetshwe kanzima, futhi isigwebo sentambo sibuyiswe ukuze kuphele ukubulalana okungaka. Ngamaqiniso lawa afunwa yizakhamizi zaleli zwe.

Ngakho ngithi bakithi sekusele kancane siyovota ezweni lakithi. Ivoti lenu lingamandla okwahlulela emaqinisweni nasemaphutheni. Ngicela niziphe isipho esihle nemindeni yenu kusukela ngo 2004 kuya ku 2009. Votelani indoda enamaqiniso, umholi oqotho ohlupheka nani lapho nikhona. Ngicela nazi ukuthi umholi onakho konke izwe lakithi elikudingayo, lowo nguShenge. Sihole Shenge.

**Sipho Mbatha (ILungu le-IFP ePhalamende KwaZulu-Natali)**
**PMBURG**

ILANGA, JULY 3-5, 2003

# Siyosebenzisana nanoma yiliphi iqembu elinezinhloso ezicacile

**Mhleli,** - Ukukhula kwe-United Democratic Movement (UDM) KwaZulu-Natal kuzoletha ukuthula kubantu balesi sifundazwe, ngoba i-UDM izobe isingelinye lamaqembu azoba enabantu abaningi abazobe beyivotela ukuze nayo ibe namalunga amaningi ePhalamende.

I-UDM izoba yiqembu loxolo ngonyaka ozayo ngoba inhloso yayo wukubona abantu bakithi kulesi sifunda bethuthuka empilweni yabo.

Lokhu kusho ukuthi iqembu eliyoba nelezi zinhloso ze-UDM liyoba nenhlanhla yokuba lisebenzisane nalo ukuba kulethwe izidingo zabantu bakithi. I-UDM njengamanje iphezu komkhankaso obizwa ngokuthi yi-"Operation Reach Out" onhloso yayo wukuba i-UDM iye ebantwini, ukuze ithole izinkinga ezikhungethe abantu abantulayo, neyofisa futhi ukuba iqhubeke nawo lo mkhankaso nangemuva kokhetho.

Izinkomba zokukhula kwe-UDM zibonakale ngendlela amalunga aqhamuka kwamanye amaqembu angene ngayo kuleli qembu. Isibonelo nje eMaritzburg naseHammarsdale sikwazile ukuthola amalunga angaphezu kuka-200 ebesiwamukela mhla ka 10 Meyi 2003.

Naku Ugu District nakhona futhi sesikwazile ukuthola amalungu angaphezu kwangu-50 okuphakathi kwawo kunabaholi abaqavile.

KoMaotana ngas'Ohlange i-UDM igile izimanga kule ndawo ngokuthola amalunga angaphezu kwamakhulu amabili.

Kanjalo nasemphakathini wamaNdiya ezindaweni ezifana no- Phoenix, Chatsworth nakhona sesikwazile ukuthola amalunga amaningi alomphakathi.

Lokhu kuyizinkomba ezinganananazwa ukuthi i-UDM izobe iphungwa ngezithebe ngonyaka ozayo. Konke lokhu-ke kuwumphumela wokuthi abantu bakwaZulu Natali sebeqonda kahle ukuthi ukuvotela iqembu elilodwa kuyingozi, futhi kudala izinkinga ezifana nalezi esike sazibona kuleli Phalamende lakwaZulu kamuva nje.

Okunye-ke okudala lokhu wukuthi abantu bakwaZulu Natali babonile ukuthi i-UDM yilona qembu elaphumela obala ngokuvikela intando yabavoti baseSouth Africa kulo mthetho wokugcogcoma nezihlalo bengavumanga abavoti. Yize-ke uKhongolose egcine ekwazile ukusebenzisa amandla anawo ngevoti labantu ukuchibiyela lo mthetho-sisekelo ukuze enze intando yakhe.

Emva kokhetho i-UDM izolwela ukuthi impilo yabantu ishintshe ngempela, kuphinde kudaleke amathuba emisebenzi, siyophinda futhi siqhubeke njalo ngokuvikela intando yabavoti kuleli zwe.

I-UDM iyosebenza nanoma yiliphi iqembu eliyoba nezinhloso ezicacile zokusiza abantu bakithi.

**Thulani Gumede**
**(Provincial Organiser)**
**DURBAN**

ILANGA, JULY 3-5, 2003

# Besabisa ngokuchitheka kwegazi

**VUSI NGCOBO**

ABASEBENZI basemgwaqweni elokishini laseMlazi sebesabise ngokuthi kuzochitheka igazi kuphazamiseke nokhetho oluzayo uma uMasipala weThekwini Unicity wehluleka ukuxazulula inkinga yabo.

Basonga kanjena nje bakhala ngokukhishwa inyumbazana uma sekuqashwa kabusha abantu abazokwenza lo msebenzi. Kuthe ngoMsombuluko baba nemashi ephethe ngokuboshwa kwabanye babo abangu-38 okuthiwa bebechitha izibi emigwaqweni yakuleli lokishi.

Izigceme ezithintekile kulesi sigameko ngesakwa AA, B, C, L no M, kanti abasebenzi basemgwaqweni abebewotha ubomvu, bakhala ngokuphucwa umsebenzi wabo abathi sebewenze isikhathi eside kusukela ngo-1989 besebenza njengamavolontiya kwaze kwashaya ukhetho luka-1994 okuyilapho baqala khona ukuholelwa o-R150 ngenyanga.

Bekhala ngesisusa salolu thuthuva, bathe ludalwe ngabakubiza ngokugxambukela kwamakhansela namaKomidi awo abathi akhethwa ngomkhonyovu. Bathe indaba yokusebenza kwabo beyinganakwe muntu phambilini, kodwa manje amakhansela aseyagxambukela ngoba uMasipala ekhiphe isimemezelo sokuthi lo msebenzi kufanele uthole ukuhlonishwa futhi nabantu abawenzayo bacatshangelwe, babhaliswe kuMasipala bathole namalungelo afana nawabanye abasebenzi ngokusemthethweni.

"Uma sekuthiwa mali sicatshangelwe kangcono kulo msebenzi, bona sebebona ungasasifanele kepha sewufanele izihlobo, izintombi nabangani babo. Le nto iyasihlukumeza kakhulu. Sibaningi ebesenza lo msebenzi. Sethembele kuwo lo msebenzi sondla imindeni," kukhala omunye wabasenzi (ocele ukuba ligodlwe igama lakhe).

Befakazelana, bathe bekufanele lumiswe lolu hlelo lwamakhansela lokuqashwa kabusha kwabantu ize ixazululeke inkinga yabo. Bathe noma bengaboshwa bagcwale amajele ngeke bavume ukwephucwa imisebenzi yabo ngamakhansela, "ngoba kuzochitheka igazi uma enza kanjena".

UNkk Maria Xulu oyilungu elimele i-IFP ePhalamende likazwelonke futhi oke waba yikhansela isikhathi eside kulelі lokishi, uvumile ukuthi kukhona amalungu omphakathi amthintile ngalesi sigameko.

Uthe uma amakhansela namakomidi sebenza izinguquko ngokuqasha kabusha abantu, bekumele kucatshangelwe abebevele besebenza kuqala okuyibo abakade bazinikela kulo msebenzi bengaholi.

Uchaze wathi ngokubona ukushuba kwesimo uzamile ukuxhumana nabaphathi boMkhandlu kuMasipala weTheku, wathi kuthiwe njengoba sekuhlelwa kabusha, indaba yokuqashwa kwabantu abazokwenza lo msebenzi bavumelene ngakho emhlanganweni wabo namakomidi amele umphakathi ukuthi sekufanele isigceme nesigceme sizilethele abantu baso,abazokwenza lo msebenzi.

Imizamo yeLANGA yokuxhumana noDkt Mike Sutcliffe ayiphumelelanga, kodwa uMnuz Sandile Thusi wehhovisi lezokuxhumana kuMasipala weTheku Unicity uthe bebengakaziswa lutho bona njengehhovisi lezokuXhumana kuMasipala ngokwenzeka eMlazi, kodwa basazoziphenyela ngokwabo bese bebuya eLANGENI nempendulo egcwele okuze kwashaya isikhathi sokushicilela engakabuyeli kulona.

ILANGA, JULY 3-5, 2003



KWESOKUXELE nguNksz Kgantso Kgoditse wakwaValley Trust ebambe ithambo enkosini yaseNhlangwini umNtwana uMelizwe Dlamini, noMnuz Paul Nzimande bemvalelisa ngaphambi kohambo lwakhe lwesonto lonke lokuya e-Austria. ISITHOMBE NGU: SIPHO DHLOMO

# Iwelile Inkosi yaseNhlangwini

SANDILE MDADANE

IFAKAZELE igama layo Inkosi yaseNhlangwini ngesikhathi ikhethwa yiKellogg Foundation njengabanye babantu abangu-100 abazomela amazwe abo emhlanganweni ose-Austria.

UmNtwana uMelizwe Dlamini ulifulathele leli ngoMsombuluko walibhekisa e-Austria kuSalzburg Seminar eqale izolo ngoLwesithathu nezodonsa kuze kube ngumhlaka 9 kuJulayi. Lolu hambo lwenziwe ngokuhlanganyelwa yinhlangano engenzi nzuzo ecinga amakhono emphakathini iValley Trust neKellogg Foundation.

Emcimbini wokuvaleliswa kwayo obusemahhovisi eNsikayesizwe Financial Services lapho Inkosi ingu-Mqondisi khona, itshele ILANGA ukuthi lolu hambo lumayelana namandla obuholi kulesi sikhathi samanje.

Kulo mhlangano kuzodingidwa izihloko ezehlukene ngabantu ababukwe yiKellogg Foundation benegalelo kuleyo mikhakha abakhethwe ukuba babeke imibono yabo ngayo. Isihloko esizodingidwa ngumNtwana ngesezinselelo ezibhekene nobuholi (obukhethiwe nobeNdabuko).

"Ngikhethe lesi sihloko ngenxa yokuthi ngisibone sikuwola konke okunye okuzokhulunywa ngakho kulo mhlangano," kusho Inkosi ingakahambi.

Inkosi ithe ubuholi abuphephile uma abantu beshiywe ngaphandle. Ikhulume lapha ngobuholi beNdabuko nalobo obuvotelwayo athe zozimbili lezi zindlela zobuholi zizibeka engcupheni yokuphila isikhathi esifushane uma bushaya indiva abantu.

Oyinhloko ye-Executive Support Service eNsikayesizwe uMnuz Paul Nzimande uthe, Inkosi ikhethwe njengabanye babantu abanegalelo emkhakheni ebiqokelwe kuwo wobuholi.

Inkosi ithe ekubuyeni kwayo iyothokoza ukufike isabalalise ulwazi eluthekele e-Austria.

ILANGA, JULY 3-5, 2003

# Bachithiwe abakhala ngokugcotshwa kowe-IFP

MBONGENI KHUZWAYO

ZICHITHIWE izikhalo zabathi uNksz Makhosazana Mdlalose we-IFP osanda kugcotshelwa ukuba yiLungu lePhalamende kuzwelonke, asimfanale lesi khundla ngoba akaxhumani nezakhiwo zeqembu kuMajuba District Municipality, futhi wake wadabula ikhadi lakhe lobulungu be-IFP ngonyaka ka-1999.

Abazishongo amagama abo ababhali bencwadi enohide lwezikhalo ngoNksz Mdlalose enikwe abezindaba, phakathi kokunye, ifanisa ukubekwa kwakhe nokukaProfessor Gabriel Ndabandaba owanikwa isikhundla esiphezulu yi-IFP, iningi lingazi ngaye, wayihlubuka futhi le nhlangano engakahambi nebanga elitheni.

"Ngizwile ngokubekwa kuka-Makhosazana yize singakatshelwa ngokusemthethweni lapha eqenjini, kodwa siyakujabulela kakhulu ukubekwa kwakhe kulesi sikhundla, futhi akukho zikhalo esizaziyo ngaye ezike zashiwo noma ngubani eqenjini," kusho uMnuz Bheki Khumalo onguSihlalo we-IFP eMajuba District Municipality.

Uthe kungenzeka ukuthi kukhona abebezibona befanelwe yilesi khundla, bangasithola. Uthe izikhalo zalabo akazithathi njengento ebambekayo ngoba abasebenzisanga imigudu ekhona eqenjini le-IFP ukwamukela izikhalo.

"Besivele sifisa ukuba kube khona oqhamuka kule ndawo obekwa esikhundleni salolu hlobo, ngoba selokhu sagcina ngoNksz Constance Mkhize owashona ngonyaka ka-2000," kusho uMnuz Khumalo.

Incwadi yabazifihlile, ithi kumele ababekwayo ezikhundleni, kwenziwe lokho ngokubambisana nezakhiwo zeqembu zakuleyo ndawo okusuka kuyona lowo obekwayo ukuze kungandi abazohlubuka iqembu ngelinye ilanga.

UNksz Mdlalose uyindodakazi kaDr FT Mdlalose owaba nguNdunankulu wokuqala KwaZulu-Natal kuHulumeni okhethwe ngentando yeningi ngo-1994, futhi ongenye yezingqwele zeqembu le-IFP eselokhu yaba kuleli qembu kusukela ekusungulweni kwalo.

THE MERCURY
Thursday July 3 2003

COMMISSIONER APPOINTED

# KZN MPs get assets register

SIPHO KHUMALO
POLITICAL STAFF

THE KwaZulu-Natal parliament has finally appointed a commissioner to administer the members' asset register aimed at ensuring there is no conflict between the members' political work and their business interests.

The Speaker, Bonga Mdlotshe, confirmed that advocate Dieter Michael Achtzehn had been appointed commissioner of the members' assets register with immediate effect.

This means that for the first time in nine years provincial members of the legislature will be able to declare their interests, joining other provincial legislatures which have already been doing so for years.

The objective is to ensure that members act in good faith and in the best interest of good governance and do not act in a way inconsistent with their office.

The Standing Rules of the KwaZulu-Natal parliament require members to maintain the highest standard of honesty, accountability, openness and integrity.

"This is to ensure that his or her conduct strengthens the public's trust and confidence in parliament," says the rules.

In terms of these rules, provincial MPs are expected to declare any personal or financial interest.

Ordinary members of the public are entitled to access the public section of the register and the commissioner is also required by law to publish the register at least once a year.

The need for members to declare their assets and business interests was highlighted recently when it was found that national defence minister Mosiuoa Lekota had not declared his business interests.

It was revealed that Lekota, the chairman of the ANC, had contravened parliament's code of conduct when he failed to declare his interests in a petroleum distribution company, a wine cellar and properties.

# Trust distributes R35m

FAROOK KHAN

IN THE five years since its inception the KwaZulu-Natal Education Development Trust has contributed R35 million to 6 000 schools in the province.

This is what Minister of Education Narend Singh said at the trust's presentation dinner in Durban last night.

He said current programmes, including Adult Basic Education and Training (ABET) and the Resource And Information Network (RAIN), distributed information and resources to all schools in the province.

"RAIN has a large volume of materials at a central warehouse which are distributed to nodal depots for onward distribution to schools.

"Since its inception in April last year, RAIN has achieved a 98% success rate in deliveries made on time. I think that is a great achievement," he said.

Singh said the government did not intend abdicating its responsibility but all sectors of society needed to contribute to what was essentially a social endeavour.

ILANGA, JULY 3-5, 2003

# Ukungqubuzana ngohambo lukaBush

SIPHO NGOBESE

NOMA lungakaziwa usuku azofika ngalo kuleli lase-South Africa uMongameli waseMelika, uMnuz George W. Bush, okulindeleke ukuba afike lapha e-Afrika ngoMsombuluko mhla ka 7 Julayi, kodwa sekunezinkomba eziqinile zokuthi uhambo lwakhe lwakuleli luzodala ukungqubuzana emphakathini walapha njengoba ezinye izinhlangano zihlela imibhikisho.

UMnuz Bush, ozobe ebeka unyawo lwakhe ngokokuqala ngqa ezwenikazi lase-Afrika, uzohambela e-Uganda, Senegal, Nigeria, Botswana naseSouth Africa kusukela mhla ka 7 kuya kumhla ka 12 Julayi. Kodwa silobe lapha lungakaziwa uhlelo olugcwele lokuhambela kwakhe kuleli.

Ukumenyezelwa kohambo lukaMnuz Bush kuleli kulandelwe ngukushayisana kwemibono phakathi kwePhini likaNgqongqoshe wezangaPhandle, uMnuz Aziz Pahad, nenyunyana enkulukazi kuleli, iCosatu neqembu lamaKhomanisi iSA Communist Party.

Ngesikhathi ngakolunye uhlangothi uMnuz Pahad ezwakalisa ukukushayela elikhulu ihlombe ukufika kukaMmuz Bush kuleli, ekuchaza ngokuthi kuzolethela iSouth Africa isimo esihle kakhulu kwezomnotho, kodwa ngakolunye uhlangothi lezi zinhlangano ezimbili zizwakalise ukuphikisana nokufika kukaMnuz Bush kuleli zasonga nangokuthi zizohlela imibhikisho yokukhononda.

Kuyinto eyaziwayo ukuthi lezi zinhlangano azimnambithisisi neze kahle uMnuz Bush ngenxa yokuhlasela kweMelika e-Iraq ezinyangeni ezimbalwa ezedlule.

Khona manje uHulumeni oholwa yi-ANC uthole ukwesekwa yiDemocratic Alliance (DA) ezwakale ngomlomo womholi wayo, uMnuz Tony Leon, ikushayela elikhulu ihlombe ukufika kukaMnuz Bush ngethemba lokuthi kuzosimamisa iSouth Africa kwezomnotho, futhi igxeka kakhulu nalezo zinhlangano eziphikisana nokuza kukaMnuz Bush kuleli. Kuzwakala ukuthi ngaphandle kwePAC, onke amanye amaqembu asePhalamende yakuleli ayakweseka ukufika kukaMnuz Bush kuleli.

Izingqapheli kwezepolitiki ziqagula ukuthi kulolu hambo lwakhe uMnuz Bush uzophinde akhwele azehlele kuMnuz Robert Mugabe, uMongameli waseZimbabwe, aphinde agcizelele ukuthi kufanele asishiye phansi isikhundla ngoba ukusona nje yingoba "wenza umgunyathi" ekubalweni kwamavoti mhlazane kunokhetho lukaMongameli eZimbabwe. Kumanje nje iMelika yakuvala ukuhambela kwelaseMelika kukaMnuz Mugabe namalungu ePhalamende likaHulumeni wakhe.

Khona manjalo, iNxusa laseMelika eZimbabwe seliwugxeke kakhulu umbiko wamaphephandaba ase-Zimbabwe azwelana noHulumeni kaMnuz Mugabe, iHerald neSunday Mail, ngelikuchaza ngokuthi kungukuhlasela ngokobuzwe uNobhala jikelele kuHulumeni kaMnuz Bush, uMnuz Collin Powell, naye ophinde washayelela isipikili ngokuthi makashenxe esikhundleni uMnuz Mugabe.

Ezingosini zawo zemibono yabaMhleli, la maphephandaba achaze uMnuz Powell njenge"ncelebana ezondwayo ngabantu bebala elimnyama kuwo wonke umhlaba jikelele".

Lapha la maphephandaba abenezelela kulokho okushiwo nguNgqongqoshe waseZimbabwe kwezoKwazisa, uMnuz Jonathan Moyo, yena ochaze uMnuz Powell njenge-"ncelebane nomqambi manga odayise ngabantu bakubo abaMnyama ngokuzihlanganisa nohulumeni kaMnuz George W. Bush ongowontamolukhuli."

Kodwa iNxusa laseMelika eZimbabwe lizwakalise "ukushaqeka okukhulu ngokusetshenziswa kwamazwi anobuhlanga."

"IHerald neSunday Mail angabasebenzela kangcono kakhulu abafundi babo uma nje bengabhekana nezimo ezibalulekile kunokugxila ekuhlaseleni ngamagama abagxeki bakahulumeni wabo."

3.Jul. 2003 9:22 INKATHA FREEDOM PARTY No.7876 P. 12/12

THE MERCURY
Thursday July 3 2003

# A century of Rhodes Scholarships hailed

LONDON: Nelson Mandela and Bill Clinton joined Tony Blair at Westminster last night to praise the 100 years of Rhodes Scholarships and announce a new foundation to fund scholarships and development programmes in Africa.

The former president told an audience of 1 800 former scholars and dignitaries in Westminster Hall the new Mandela Rhodes Foundation would "substantively contribute to a better life for the people of South Africa and further abroad on the African continent".

He praised the work of the Rhodes Trust, set up with a bequest from mining magnate Cecil Rhodes. He said: "It speaks of a growing sense of global responsibility that, in this second century of its operation, the Rhodes Trust finds it appropriate to redirect some of its attention and resources back to the origins of that wealth."



MANDELA

Mandela announced the appointment of Shaun Johnson, the leading South African commentator, former Rhodes scholar and deputy chief executive of Independent News and Media (South Africa) as executive director of the Mandela Rhodes Foundation.

He said Johnson, "as a journalist and public intellectual, contributed enormously to the attainment and consolidation of democracy in our country".

He won a standing ovation for his speech, much of which highlighted the plight of South Africans infected with HIV. Mandela pledged to follow the work of the late Princess Diana in removing the stigma of the disease.

Departing from his prepared speech, he said: "Do not stigmatise someone who has a disease. Try to help and say 'go to a doctor'."

British Prime Minister Blair also highlighted the problem of HIV, describing it as a "scourge" that represented "a call to the people of the world to act".

He said it was "the proudest achievement" of his government to direct more than £1 billion (R12.4 billion) of aid to Africa in the coming years.

Bill Clinton, the world's best known Rhodes scholar, praised the trust for giving him "two of the best years of my life".

The scholarship scheme enables around 90 students a year from the Commonwealth, Germany and the United States to spend up to three years studying at Oxford. – *Independent Foreign Service*